# ISAZISO SOKUGUNYAZWA KWANGOKWEMVELO (UCWANINGO LOKUNGENZEKA EMVELWENI)

## UHLELO OLUHLONGOZWAYO LWE 2AFRIKA/GERA (OLUSEMPUMALANGA) LWENTAMBO YEZOKUXHUMANA EHAMBA OLWANDLE ENGENELA EMANZIMTOTI, KWAZULU-NATALI, ENINGIZIMU AFRIKA

**Umthuthukisi: Liquid Telecom**

U Alcatel Submarine Networks (ASN) banikwe umsebenzi wokufaka uHlelo oluhlongozwayo (oluseMpumalanga) lwe2AFRIKA/GERA Olungolwentambo exhumanisa ugu lwe Afrika olungasempumalanga iluxhumanise ne Europe kanye nezingxenye ze Middle East, kuthi ingxenye eseNingizimu Afrika yona ingenele eManzimtoti. Loluhlelo luzolawulwa ngu Liquid Telecom abangabalawuli abangasohlongothini lweNingizimu Afrika. Uhlelo lwentambo luzonikeza iNingizumu Afrika ukuthembeka okusezingeni elingcono ngasohlangothini lobuchwepheshe obahlukene bolwazi oluhamba ngezindlela zobuchwepheshe olufana nokuxhumana ngocingo, ukusakaza nge TV ye HD, olwe internet, ukubamba imihlangano nge video, kanye nezindlela eziningi eziseqophelweni eliphezulu zama video.

**Umgudu Wokugunyazwa Kwangokwemvelo**

Ukugunyazwa Kwangokwemvelo kuzodingeka kwiziphathimandla ezifanele, uMnyango Kazwelonke Wezemvelo, Amahlathi Nezokudoba (DEFF), ngokuhambisana neMigomo Yocwaningo Lokungenzeka Emvelweni (EIA) ka 2014 (njengoba ichitshiyelwe ngo 2017) eshicililwe ngaphansi koMthetho KaZwelonke WokuPhathwa kweMvelo ka 1998 (uMthetho 107 ka 1998). Leprojecti ithinta imisebenzi ethathwa njengenobungozi emvelweni ngasohlangothini Lohlu Lwezaziso 1 (GNR. 327), 2 (GNR. 325) no 3 (GNR. 324). I DEFF iyizona ziphathimandla okumele zikhiphe ukugunyazwa kwangokwemvelo mayelana nalentuthuko. Kuphinde kubekhona ezinye izimvume ezingahle zidingakale, ezingatholakala ngasikhathi sinye nesomgudu wokugunyazwa kwangokwemvelo ezifana nemvume enikezelwayo yasosebeni lolwandle okumele itholakale eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha NezeMvelo KwaZulu-Natali kanye neMvume/nelayisense Yokusebenzisa Amanzi eMnyangweni Wezokuhlaliswa Kwabantu, Amanzi neNhlanzeko.

Ngasohlangothini luka Liquid Telecom, u ACER nguyena Ongungoti Wocwaningo Lwemvelo onikwe umsebenzi woCwaningo Lokungenzeka Emvelweni kanye nokubambiqhaza komphakathi, nokuthi bafake isicelo esidingakalayo nemiqulu esisekelayo kwa DEFF kanye nakwezinye iziphathimandla ezifanele ukuba azicubungule futhi bathathe nesinqumo.

**Isimemo Sokubambiqhaza**

Ukuze ubhalise njengeQembu Labathintekayo Nabafisa Ukubambiqhaza, nokuthola ulwazi oluthe thuthu mayelana neprojecti ehlongozwayo, uyacelwa ukuba uxhumane neHhovisi Lokubambiqhaza Komphakathi:


Carina Boonzaaier noma Ashleigh McKenzie

► P O Box 503, Mtunzini, 3867 ► Ucingo: 035 340 2715

► E-mail: 2africatoti@acerafrica.co.za


**Uyacelwa ukuba uqaphele ukuthi ngokuhambisana no GNR 326, 42(a), 44(1) and 19(1) (njengoba uchitshiyelwe ngo April 2017), konke ukuphawula okutholakele kuyofakwa eMqulwini weZimvo neZimpendulo oyohanjiswa kwiziphathimandla ezifanele futhi uyobekwa ezindaweni zomphakathi njengengxenye yenqubo yokubuyekezwa komphakathi yemibiko ye-EIA.**

Date of advert: 03 September 2020

acer AFRICA